



GAUTENG PROVINCE
EDUCATION
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

GGT 2030
GROWING GAUTENG TOGETHER

IsiZulu/English

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R Grade R Mathematics Improvement Programme



**Umhlangano Wokucobelelana Ngolwazi 4 • Workshop 4
Incwadi Yokusebenzela Yababambiqhaza • Participant's Workbook**

The Grade R Mathematics and Language Improvement Project is an initiative of the **Gauteng Department of Education** and its key partner, the **Gauteng Education Development Trust**.

The development and production of the training and classroom resources for the Grade R Mathematics and Language Improvement Project were made possible by generous project funding from the **United States Agency for International Development** and the **Zenex Foundation**.

The Grade R Mathematics and Language Improvement Project is managed by **JET Education Services** with **UCT's Schools Development Unit** and **Wordworks** as technical partners.

The **Schools Development Unit (SDU)** at the **University of Cape Town (UCT)** is the mathematics technical partner to the Grade R Mathematics and Language Improvement Project. The SDU is a unit within UCT's School of Education that focuses on teachers' professional development in Mathematics, Science, Literacy/Language and Life Skills from Grade R to Grade 12. The SDU offers teacher qualifications and approved UCT short courses, school-based work, materials development and research to support teaching and learning in all South African contexts.

ACKNOWLEDGEMENTS

Special thanks to:

- The Gauteng Department of Education Curriculum, Teacher Education and Special Education Directorate officials for their contribution to the adaptation of our materials.
- The Western Cape Education Department (WCED) officials and teachers for their contribution to the successful implementation of the Grade R Mathematics Programme (R-Maths) in the Western Cape between 2016 and 2019.
- The R-Maths writing team: SDU staff and consultants.



The Grade R Mathematics Improvement Programme is adapted from *R-Maths*, first published in 2017 by the Schools Development Unit, University of Cape Town. Copyright of *R-Maths* is held by the University of Cape Town.

The Grade R Mathematics Improvement Programme is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 International Licence [Attribution-NonCommercial-ShareAlike].



This licence allows re-users to distribute, remix, adapt, and build upon the material in any medium or format for non-commercial purposes only, and only so long as attribution is given to the creator. If you remix, adapt, or build upon the material, you must license the modified material under identical terms. To view the full conditions for this licence, visit: <https://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>

Programme conceptualisation and management: Cally Kuhne and Tholisa Matheza

Translation and publishing project management: Arabella Koopman

Translation co-ordination (Nguni languages): Pumeza Ngobozana

Translation: Busisiwe Pakade

Editing (isiZulu): Bheki Ntuli

Illustrations: Jiggs Snaddon-Wood

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R luyisinyathelo so**Mnyango WezeMfundo wesiFundazwe saseGauteng (Gauteng Department of Education)** kanye nomlingani wawo osemqoka, i-**Gauteng Education Development Trust**.

Ukuthuthukiswa nokukhiqizwa kokuqeqeshwa kanye nezinsiza zasekilasini zoHlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R kuphumelele ngenxa yoxhaso olunobubele lwephrojekthi oluphuma kwi-**United States Agency for International Development** kanye ne-**Zenex Foundation**.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R luphethwe yi-**Jet Education Services** ehlangene ne-**Schools Development Unit** yase-**UCT** ne-**Wordworks** njengabalingani abangochwepheshe ngamakhono athile.

I-**Schools Development Unit (SDU)** e-**University of Cape Town (UCT)** iwumlingani owuchwepheshe wezibalo kuHlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R. I-SDU iyinxenye ephakathi ku-School of Education sase-UCT egxile ekuthuthukisweni kobungcweti bothisha eziBalweni, Isayensi, Ukwazi Ukufunda Nokubhala/ Ulimi kanye namaKhono Empilo kusuka EBangeni R kuya EBangeni le-12. I-SDU inikeza iziqu zobuthishela kanye nezifundo zesikhathi esifushane ezivunye i-UCT, umsebenzi osekelwe esikoleni ukuthuthukiswa kwezinto kanye nocwaningo ukuze kusekwe ukufundisa nokufunda kuzo zonke izimo zaseNingizimu Afrika.

AMAZWI OKUBONGA

Kubongwa ngokukhethekile:

- Izikhulu zomkhakha woHlelo Lwezifundo, Umkhakha Wokufunda kothisha kanye nomkhakha WokuFunda okukhethekile woMnyango WezeMfundo wesiFundazwe saseGauteng, ngokuzinikela kwabo ukulungisa izinsiza kufunda zethu.
- Izikhulu kanye nothisha be-Western Cape Education Department (WCED) ngokuzinikela ekuqaleni okuyimpumelelo kwe-Grade R Mathematics Programme (R-Maths) eNtshonalanga Kapa phakathi konyaka wezi-2016 nonyaka wezi-2019.
- Iqembu lababhali be-R-Maths: Abasebenzi bakwa-SDU nabaxhumanisi.



Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo ZeBanga R lususelwe ku-*R-Maths*, eyashicilelwa okokuqala ngonyaka wezi-2017 yi-Schools Development Unit, University of Cape Town. Ilungelo lobunikazi be-*R-Maths* liphethwe yi-University of Cape Town.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R luvunyelwe ngaphansi kwe-Creative Commons Attribution 4.0 International Licence [Attribution-NonCommercial-ShareAlike].



Le layisensi ivumela abasebenzisi abasebenzisa kabusha ukusabalalisa, ukuxuba kabusha, ukuvumelanisa, nokwakha phezu kokuqokethwe kunoma iyiphi indlela noma ifomethi ngenjongo okungeyona eyentengiso, futhi uma uzonikezwa umsunguli. Uma uxubanisa kabusha, ushitsha, noma wakhela kokuqokethwe, kufanele unikeze ilayisense enemigomo efanayo. Ukuze ubone imibandela egcwele yale layisensi, vakashela ku-:

<https://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>

Ukucatshangwa kanye nokuphathwa kohlelo: Cally Kuhne kanye noTholisa Matheza
Umphathi wokuhumusha kanye nokushicilela iphrojekthi: Arabella Koopman
Ukuhumusha nokuhlanganisa (Izilimi zesiNguni): Pumeza Ngobozana
Ukuhunyushwa kwesiZulu: Busisiwe Pakade
Ukuhlela nokuhlolisiswa kwesiZulu: Bheki Ntuli
Imifanekiso: Jiggs Snaddon-Wood

Contents

Overview

Purpose	page 6
Learning outcomes	page 6
Workshop content	page 6

Workshop content

Opening and reflection	page 8
Session 1: Data Handling	page 10
Session 2: Numbers, Operations and Relationships	page 18
Session 3: Space and Shape (Geometry)	page 28
Session 4: Planning for teaching	page 32

Appendix A: Term 1 and 2 Weekly Content Summary:

Term 1 (Week 10) and Term 2 (Weeks 1–3)	page 42
Workshop 4 Evaluation Form	page 46

Okuqukethwe

Ukubuka ngelibanzi

Inhloso	ikhasi 7
Imiphumela yokufunda	ikhasi 7
Okuqukethwe komhlangano wokucobelelana ngolwazi	ikhasi 7

Okuqukethwe komhlangano wokucobelelana ngolwazi

Ukuvula nokudlinza	ikhasi 9
Iseshini 1: Ukusetshenziswa Kolwazi.....	ikhasi 11
Iseshini 2: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo.....	ikhasi 19
Iseshini 3: Indawo Nesimo (Ijyomethri).....	ikhasi 29
Iseshini 4: Ukuhlelela ukufundisa.....	ikhasi 33

Isithasiselo A: Ithemu 1 no-2 Iqoqa Lolwazi Lwesonto Ngalinye:

Ithemu 1 (Isonto 10) kanye Nethemu 2 (Amasonto 1–3)	ikhasi 43
Ifomu Lokuhlola Lomhlangano Wokucobelelana Ngolwazi 4	ikhasi 47

Overview

Purpose

This is the fourth of twelve Grade R Mathematics Improvement Programme workshops, which form part of the Gauteng Department of Education (GDE) Grade R Mathematics and Language Improvement Project.

The purpose of this workshop is to assist teachers to implement the Maths Programme in their classrooms. Participants will have the opportunity to reflect on their observations and explore how the **level principle** informs planning, teaching and learning. Participants will also consider the **level principle** and how to respond to learners with individual developmental and learning needs. The sessions will provide additional knowledge and understanding of teaching and learning in the Content Areas covered in Week 10 of Term 1, and Weeks 1–3 of Term 2.

References to the Grade R Mathematics Content Areas are taken from the *Curriculum and Assessment Policy Statement (CAPS): Grade R Mathematics (Final Draft)*, 2011, Department of Basic Education, South Africa.

Learning outcomes

- ◆ To reflect on the implementation of Term 1 Weeks 6–9
- ◆ To explore strategies to support teaching maths in Grade R
- ◆ To start to present solutions to learner progress and developmental levels
- ◆ To apply the Maths Programme principles in weekly planning
- ◆ To engage with the Maths Programme content of Term 1 Week 10 and Term 2 Weeks 1–3 (Data Handling; Numbers, Operations and Relationships; Space and Shape (Geometry))

Workshop content

- ◆ Opening and reflection (1 hour)
 - ◆ Session 1: Data Handling (1 hour)
- TEA
- ◆ Session 2: Numbers, Operations and Relationships (1 hour)
 - ◆ Session 3: Space and Shape (Geometry) (1 hour)
- LUNCH
- ◆ Session 4: Planning for teaching (2 hours)

Ukubuka ngelibanzi

Inhloso

Lo owesine emihlanganweni yokucobelelana ulwazi eyishumi nambili ngaphansi kwesihloko: Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo ZeBanga R, eyingxenye YoMnyango WezeMfundo wesiFundazwe saseGauteng (Gauteng Department of Education – GDE) Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi ZeBanga R.

Inhloso yalo mhlango wokucobelelana ngolwazi ukusiza othisha ukuthi basebenzise Uhlelo Lwezibalo emakilasini abo. Ababambiqhaza bazothola ithuba lokucabangisa ngabakubonile, bahlole ukuthi **umgomo wamazinga** uhobana kanjani nokuhlela, ukufundisa nokufunda. Ababambiqhaza bazophinde bacabange **ngomgomo wamazinga** kanye nendlela yokuphendula abafundi abanezidingo zokuthuthuka nokufunda ngamunye-ngamunye. Amaseshini azohlinzeka ngolwazi olwengeziwe kanye nokuqonda ukufundisa nokufunda Ezingxenyeni Zolwazi ezivezwe Esontweni 10 leThemu 1, kanye Namasonto 1–3 eThemu 2.

Ingxenye Yolwazi Yezibalo zeBanga R zithathwe *kuSitatimende Senqubomgomo Yohlelo Lwezifundo Nokuhlola (CAPS): Izibalo Zebanga R (Uhlaka Lokugcina)*, 2011, Umnyango Wemfundo Eyisisekelo, eNingizimu Afrika.

Imiphumela yokufunda

- ◆ Ukucabanga ngokusetshenziswa kweThemu yoku-1 Amasonto 6–9
- ◆ Ukuze kuhlolwe amasu okuxhumana okweseka ukufundisa izibalo zeBanga R
- ◆ Ukuqala ukwethula izixazululo zenqubekela-phambili yomfundi namazinga okuthuthuka
- ◆ Ukusebenzisa izimiso Zohlelo Lwezibalo ekuhleleni kwamasonto onke
- ◆ Ukuze uzibandakanye nolwazi Lohlelo Lwezibalo lweThemu 1 Isonto 10 kanye neThemu 2 Amasonto 1–3 (Ukusetshenziswa Kolwazi; Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo; Indawo Nesimo (Ijijomethri))

Okuqukethwe komhlangano wokucobelelana ngolwazi

- ◆ Ukuvula nokuzindla (1 ihora)
 - ◆ Iseshini 1: Ukusetshenziswa Kolwazi (1 ihora)
- ITIYE
- ◆ Iseshini 2: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo (1 ihora)
 - ◆ Iseshini 3: Indawo Nesimo (Ijijomethri) (1 ihora)
- ISIDLO SASEMINI
- ◆ Iseshini 4: Ukuhlelela ukufundisa (2 amahora)

Opening and reflection

1 hour

Reflect on the implementation of the Maths Programme in your daily programme and complete the following activity in your group.



Activity 1

Discuss your progress in implementing the *Take back to school task* from Workshop 3.

Refer to the observation check boxes at the end of each week in *Activity Guide: Term 1*, Weeks 6, 7, 8 and 9.

1. What insights did you gain while observing learners during their Mathematics focus time?

2. What did you find difficult about the observation during the teacher-guided activity?

3. Mention one new thing that is working well with your implementation of Term 1 Weeks 6–9. Have you found that the Maths Programme is assisting with teaching and learning in your Grade R class?

According to the **level principle**, differentiation means that what you teach and how you teach it needs to take into account the different abilities or developmental levels of your learners. To use this approach, you need to continuously observe and record each learner's progress and development in maths.

Ukuvula nokudlinza

1 ihora

Zindla ngokusetshenziswa koHlelo Lwezibalo ohlelweni lwakho lwansuku zonke, bese uqedela umsebenzi olandelayo eqenjini lakho.



Umsebenzi 1

Xoxa ngenqubekela-phambili ekwenzeni Umsebenzi *obuyela nawo esikoleni* ovela Kumhlangano Wokucobelelana Ngolwazi 3.

Bheka amabhokisi okuhlola okubuka ekupheleni kwesonto ngalinye ku*Mhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 1*, Amasonto 6, 7, 8 kanye nele-9.

1. Yikuphi ukuqonda okutholile ngenkathi ubheka abafundi ngesikhathi sabo sokugxila Ezibalweni?

2. Yini othole inzima ngokuphathelene nokuqaphela ngesikhathi somsebenzi oholwa nguthisha?

3. Yisho into eyodwa entsha esebenza kahle ekusebenziseni kwakho Ithemu 1 Amasonto 6–9. Ngabe uke wathola ukuthi Uhlelo Lwezibalo luyakusiza ngokufundisa nokufunda ekilasini lakho leBanga R?

Ngokomgomo wamazinga, ukuhlukanisa kusho ukuthi lokho okufundisayo nokuthi ukufundisa kanjani kumele kubhekwe ngamakhono ahlukene noma ngamazinga okuthuthuka kwabafundi bakho. Ukusebenzisa le ndlela yokufundisa, udinga ukuqhubeka nokubheka futhi ubhale inqubekelaphambili nokuthuthuka komfundi ngamunye ezibalweni.

Session 1: Data Handling

1 hour

This workshop focuses on teaching the following Maths Programme content: Term 1 Week 10 and Term 2 Weeks 1–3. This session focuses on Term 1 Week 10: Data Handling.

Term 1 Content overview: Data Handling

Refer to the Data Handling Content Area on pages 136–137 of the *Concept Guide*.



Activity 2

In your group, discuss:

1. What Data Handling content is covered in Term 1?

2. What does the Maths Programme add to the content from CAPS?

Working with data

In this session, you will learn about the Data Handling cycle as a process for solving problems. Data Handling in Grade R focuses on collecting, sorting, organising, representing and analysing information about people or things. The main reason we collect data is to answer a question or to solve a problem.

Iseshini 1: Ukusetshenziswa Kolwazi

1 ihora

Lo mhlango wokucobelelana ngolwazi ugxile ekufundiseni lolu lwazi olulandelayo
Lohlelo Lwezibalo: Ithemu 1 Isonto 10 kanye neThemu 2 Amasonto 1–3. Le seshini
igxile kuThemu 1 Isonto 10: Ukusetshenziswa Kolwazi.

Ithemu 1 Ukubuka ulwazi ngelibanzi: Ukusetshenziswa Kolwazi

Thumela Ekusetshenzisweni Kolwazi Lwengxenywe Yolwazi emakhasini 136–137

Lomhlahlandlela Wemisebenzi.



Umsebenzi 2


Eqenjini lakho, xoxani ngokuthi:

1. Iluphi ulwazi Lokusetshenziswa Kolwazi okwenziwa kuThemu 1?

2. Ngabe Uhlelo Lwezibalo lwengeza ulwazi oluvela ku-CAPS?

Ukusebenza ngolwazi oluqoqiwe


Kule seshini, uzofunda mayelana nomjikelezo Wokusetshenziswa Kolwazi njengenqubo yokuxazulula izinkinga. Ukusetshenziswa Kolwazi eBangeni R kugxile ekuqoqeni, ekuhlungeni, ekuhleleni, ekumeleleni nasekuhlaziyeni ulwazi ngabantu noma ngezinto. Isizathu esikhulu ngokuqoqa ulwazi ukuba siphendule umbuzo noma sixazulule inkinga.



People often refer to the process of Data Handling as a cycle because the events or activities that are involved are repeated in the same sequence for each new question that is to be answered.

1. **Ask a question:** Learners decide what they want to find out about. This is the reason for collecting specific data or information.
2. **Collect data:** Learners decide they want to collect data based on the question or problem.
3. **Sort data:** Learners organise and sort data into groups according to the attribute. In order to answer questions and decide how to represent data that have been collected, decisions need to be made about how things could be sorted.
4. **Represent data:** Learners explore different ways of showing or displaying the information they have collected.
5. **Analyse data:** Learners describe and compare the data that is represented.
6. **Report on data:** Learners answer the question that was initially asked.

Objects can be sorted and classified (grouped) according to their similarities, such as colour, animals, plants. The more learners know about the properties of objects, and their similarities and differences, the more they are able to form different classification groups.



Abantu bavame ukuchaza inqubo Yokuqokelela ulwazi njengomjikelezo ngoba izigameko noma imisebenzi embandakanyekayo iphindaphindwa ngokulandelana okufanayo embuzweni ngamunye omusha ophenduliwe.

1. **Buza umbuzo:** Abafundi bayazikhethela ukuthi yini abafuna ukuyithola. Lesi yisizathu sokuba kuqoqwe ulwazi oluthile olutholakele noma imininingwane.
2. **Qoqa ulwazi:** Abafundi bayazikhethela ukuthi bafuna ukuluqoqa kanjani ulwazi olesekwe embuzweni noma enkingeni.
3. **Hlela ulwazi:** Abafundi balungisa bese behlela ulwazi ngamaqoqo ngokwe-athribhuthi. Ukuze bakwazi ukuphendula imibuzo futhi bakhethe ukuthi ulwazi abaluloqile balumela kanjani, izinqumo kumele zenziwe zokuthi izinto zingahlelwa kanjani.
4. **Ukumela ulwazi:** Abafundi bahlela izindlela ezehlukene zokukhombisa noma zokuveza ulwazi abaluloqile.
5. **Ukuhlaziya ulwazi:** Abafundi bachaza bese beqhathanisa ulwazi olumelwe.
6. **Ukubika ngolwazi:** Abafundi baphendula umbuzo obubuzwe ekuqaleni.

Izinto zingahlelwa zihlukaniswe (zibe ngamaqoqo) ngokufana kwazo, njengombala, izilwane, izitshalo. Uma abafundi sebekwazi ukubona okwengeziwe ngezakhiwo zezinto, ukufana nokwehluka kwazo, yilapho-ke lapho bekwazi khona ukwakha amaqembu ahlukene okuhlukanisa.



Video 1

Watch the video of the class creating and analysing a pictograph to represent the weather.

Discuss how the teacher presents each of the steps in the lesson. Notice the types of questions she uses and how she reinforces the use of correct vocabulary.

This next activity will take you through the six stages of the Data Handling cycle.



Activity 3

Take the following animal counters from the Maths Programme *Resource Kit*: three ducks, two chickens and one horse.

1. Consider this question: Are there more ducks or more chickens in the group?
2. Sort and collect data: Organise your animals into groups and then discuss the following with a partner:
 - ◆ Can you see if there are more ducks than chickens now?
 - ◆ How can you check?
3. Represent data: Turn to the grid on page 16. Place animals of the same kind one above the other in a column starting at the bottom of the grid.
4. Analyse and report on data: Look at your columns and discuss with a partner:
 - ◆ Are there more ducks or more chickens? How do you know?
 - ◆ Which column has more animals?
 - ◆ Which column has fewer animals?
 - ◆ Are there the same number of any kind of animal?

Refer to pages 184–187 of *Activity Guide: Term 1* and discuss how this activity is introduced to learners. Refer to pages 212–219 of the *Concept Guide* to read more about Data Handling. Notice the appropriate questions and vocabulary related to the teaching and learning of Data Handling in Grade R.



Ividiyo 1

Buka ividiyo yekilasi eyakha iphinde ihlaziye igrafu yezithombe imele isimo sezulu.

Xoxani ngokuthi uthisha usethula kanjani isinyathelo ngasinye esifundweni. Qaphela izinhlobo zemibuzo ayisebenzisayo nokuthi ukugcizelela kanjani ukusetshenziswa kolwazimagama olufanele.

Lo msebenzi olandelayo uzokudlulisa ezigabeni eziyisithupha zomjikelezo Wokusetshenziswa Kolwazi.



Umsebenzi 3

Thatha lezi zibalo zezilwane ezilandelayo Kuhlelo Lwezibalo *Ikhithi Yezinsiza*: amadada amathathu, izinkukhu ezimbili nehhashi elilodwa.

1. Cabanga ngalo mbuzo: Ngabe amadada amaningi noma yizinkukhu eziningi eqenjini?
2. Hlunga futhi uqoqe ulwazi: Hlela izilwane zakho zibe ngamaqoqo, bese uxoxa nomlingani wakho ngokulandelayo:
 - ◆ Ngabe uyabona yini ukuthi kunamadada amaningi kunezinkukhu manje?
 - ◆ Ungakuhlola kanjani lokhu?
3. Mela ulwazi: Vula igridi ekhasini 17. Beka izilwane zohlobo olufanayo, ubeke esisodwa phezu kwesinye uqale kukholamu ezansi negridi.
4. Hlaziya futhi ubike ngolwazi: Bheka amakhohlamu akho bese uxoxisana nomlingani wakho:
 - ◆ Ngabe kunamadada amaningi kunezinkukhu? Wazi kanjani?
 - ◆ Iyiphi ikholamu enezilwane eziningi?
 - ◆ Iyiphi ikholamu enezilwane ezimbalwa?
 - ◆ Likhona yini inani elifanayo kunoma yiluphi uhlobo lwesilwane?

Bheka ekhasini 184–187 lo *Mhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 1*, bese nixoxa ngokuthi lo msebenzi wethulwa kanjani kubafundi. Bheka amakhasi 212–219 *Omhlahlandlela Wokuqonda Isifundo* ukuze ufunde kabanzi mayelana Nokusetshenziswa Kolwazi. Qaphela imibuzo efanele kanye nolwazimagama oluhlobene nokufundiswa nokufunda Nokusetshenziswa Kolwazi eBange R.

Session 2: Numbers, Operations and Relationships

1 hour

The focus of Term 2 Weeks 1 and 2 is Numbers, Operations and Relationships.

Term 2 Content overview: Numbers, Operations and Relationships



Activity 4

Refer to the Numbers, Operations and Relationships Content Area on pages 114–123 of the *Concept Guide*.

1. What concepts are covered in Term 2?

2. What does the Maths Programme add to the content of CAPS?

Activity Guide: Term 2

Activity Guide: Term 2 provides teachers with weekly suggestions for teaching and learning Mathematics.

Look at the Contents page and pages 6–17 of *Activity Guide: Term 2*. You will see that the 'Introduction' in Term 2 is the same as in Term 1.

In Activity 4 you identified the number concepts to be covered in Term 2. In Activity 5 you will make links between these concepts and the New knowledge for the first two weeks of *Activity Guide: Term 2*.

Iseshini 2: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo

1 ihora

Okugxilwe kukho kweThemu 2 Isonto 1 no-2 Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo.

Ithemu 2 Ukubuka ulwazi ngelibanzi: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo



Umsebenzi 4

Bhekisa engxenyeni ethi Ukusetshenziswa Kolwazi Lwezinzombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo emakhasini 114–123 *Omhlahlandlela Wokuqonda Isifundo*.

1. Yiluphi ulwazi oluvezwe kuThemu 2?

2. Ngabe Uhlelo Lwezibalo lwengezani olwazini lwe-CAPS?

Umhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2

Umhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2 uhlinzeka othisha ngeziphakamiso zamasonto onke zokufundisa nokufunda Izibalo.

Bheka ikhasi Lokuqukethwe kanye namakhasi 6–17 *Omhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2*. Uzobona ukuthi 'Isingeniso' seThemu 2 siyefana neseThemu 1.

KuMsebenzi 4 uhlonze imiqondo yezinzombolo okufanele ifakwe kuThemu 2. Kumsebenzi 5 uzoxhumanisa le miqondo kanye Nolwazi olusha emasontweni amabili okuqala *Omhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2*.



Activity 5

Refer to 'Content overview: Term 2' (*Activity Guide: Term 2*, pages 18–21).

1. What new knowledge is introduced to learners in the Numbers, Operations and Relationships Content Area?

2. Go back to Activity 4 and highlight or circle the concepts covered.

Understanding numbers

In Term 1, the numbers 1, 2 and 3 were taught. You used the same routine for each number taught, adding one more to the number each time a new number was introduced. In Term 2 Week 1, the focus is on the concept of number again. Learners are introduced to the number 4, using the same routine as for numbers 1, 2 and 3.



Activity 6

Refer to the whole class activities that focus on number 4 in Week 1: *Activity Guide: Term 2*: page 24 (Day 1 #4), page 26 (Day 2 #5), page 28 (Day 3 #4), page 30 (Day 4 #4 and Day 5 #4).

1. Discuss how the number '4' is introduced.

2. Think about your own classroom practice and how this routine has been working so far. Complete the table.



Umsebenzi 5

Bheka 'Ukubuka ulwazi ngelibanzi: Ithemu 2' (*Umhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2, amakhasi 18–21*).

1. Yiluphi ulwazi olusha olwethulwa kubafundi kule Ngxenye Yolwazi yeNombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo?
-
-

2. Buyela emuva Kumsebenzi 4 ufike ugqamise noma ukokelezele ulwazi olwenziwe.

Ukuqonda izinombolo

KuThemu 1 kwafundiswa izinombolo 1, 2 kanye no-3. Usebenzise inqubo efanayo enombolweni ngayinye oyifundisiwe, wengeza eyodwa ngaphezulu enombolweni isikhathi ngasinye lapho kwethulwa inombolo entsha. KuThemu 2 Isonto 1, kugxilwe olwazini lwenombolo futhi. Abafundi bethulwa enombolweni 4, besebenzisa inqubo efanayo neyezizinombolo 1, 2 kanye no-3.



Umsebenzi 6

Bhekisa emisebenzini yekilasi lonke egxile kunombolo 4 Isonto 1: *Umhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2*: ikhasi 25 (Usuku 1 #4), ikhasi 27 (Usuku 2 #5), ikhasi 29 (Usuku 3 #4), ikhasi 31 (Usuku 4 #4 kanye noSuku 5 #4).

1. Xoxani ngokuthi inombolo '4' yethulwa kanjani.
-
-

2. Cabanga ngokuzejwayeza kwakho ekilasini nokuthi le nqubo ibisebenza kanjani kuze kube manje. Qedela ithebula.

Activity	What worked well?	What did not work so well?
Telling the story and building up the number frieze		
Dramatising the story		
Collecting objects for the maths area		
Matching objects to pictures, dot cards, number symbols and number words		
Using the <i>Poster Book</i>		

Umsebenzi	Yini esebenze kahle?	Yini engasebenzanga kahle?
Ukuxoxa indaba nokuthuthukisa ifrizi yezimbolo		
Ukulingisa indaba		
Ukuqoqa izinto zendawo yezibalo		
Ukuqondanisa izinto nezithombe, amakhadi anamachashazi, izimpawu zezimbolo namagama ezimbolo.		
Ukusebenzisa <i>Ibhuku Lamaphosta</i>		

Maths vocabulary

Part of learning new concepts involves new language. Learners need the vocabulary to talk and think about maths concepts (**interaction principle**). You can encourage learners to use maths vocabulary by using it yourself when you speak to them about maths concepts and by rephrasing what they say into maths language.

Money

In Term 2 Week 2 learners are introduced to money. Learners in Grade R are developing an awareness about the features of money and they need opportunities to explore what real South African coins look like.

Activity 7 focuses on helping learners to recognise the similarities and differences between coins: their size, shape and the animals on the coins.



Activity 7



1. What questions could you ask learners to help them recognise the different features of these coins?

2. What new vocabulary will you introduce?

Learners first need to be able to identify and name coins before they are ready to understand their value.

Ulwazimagama lwezibalo

Ingxenye yokufunda ulwazi olusha imbandakanya ulimi olusha. Abafundi badinga ulwazimagama ukuze bakhulume futhi bacabange ngolwazi lwezibalo (**umgomo wokusebenzisana**). Ungakhuthaza abafundi ukuthi basebenzise ulwazimagama lwezibalo ngokulusebenzisa wena uma ukhuluma nabo mayelana nolwazi lwezibalo kanye nokubeka kabusha abakushoyo olimini lwezibalo.

Imali

Kuthemu 2 Isonto 2 abafundi bethulelwa imali. Abafundi beBanga R bathuthukisa ulwazi lwabo ngokwakheka kwemali, futhi badinga amathuba okuhlola ukuthi ibukeka kanjani imali ewuhlweza yaseNingizimu Afrika.

Umsebenzi 7 ugxile ekusizeni abafundi ukuthi babone ukufana nomehluko phakathi kwemali ewuhlweza: ubukhulu bayo, ukuma kanye nezilwane ezisemalini ewuhlweza.



Umsebenzi 7



1. Yimiphi imibuzo ongayibuza abafundi ukuze ubasize babone ukwakheka okwehlukaniswa ngakho imali ewuhlweza?

2. Yiluphi ulwazimagama olusha ozolwethula?

Abafundi badinga kuqala ukwazi ukuhlonza nokubiza ngamagama imali ewuhlweza ngaphambi kokuba balungele ukuqonda inani layo.

Learners need to be exposed to the purpose of money. Teachers can help learners understand that money is used to buy things like food and clothes and to do different things like travelling by taxi or bus. Expose learners to money and its purpose by setting up a play-shop with pretend coins and notes and items that can be bought.

Refer to the whole class activities and small group activities that focus on money on pages 40–51 of *Activity Guide: Term 2*. In your group, complete Activity 8.



Activity 8

1. What money concepts are being taught and learnt in the whole class activities?

2. How are learners encouraged to explore the purpose of money?

3. How does the teacher consolidate this new knowledge in the small group activities?

Abafundi badinga ukwaziswa ngenhloso yemali. Othisha bangasiza abafundi baqonde ukuthi imali isetshenziselwa ukuthenga izinto ezifana nokudla nezingubo, nokwenza izinto ezehlukene njengokuhamba ngetekisi noma ngebhasi. Nikeza abafundi ulwazi ngemali nenjongo yayo ngokumisa isitolo sokudlala esinemali yokudlala ewuhlweza nengamaphepha kanye nezinto ezingathengwa.

Thumela ababambiqhaza emisebenzini yekilasi lonke kanye nemisebenzi yamaqembu amancane egxile emalini emakhasini 40–51 *Omhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 2*. Eqenjini lakho, qedela Umsebenzi 8.



Umsebenzi 8

1. Yiluphi ulwazi lwemali olufundiswayo futhi olufundwayo emisebenzini yekilasi lonke?

